**DEPUTY MINISTER OF ENERGY**
**MS BARBARA THOMSON**

# Inkulumo kaSekela Ngqongqoshe woMnyango weZamandla

## 30 June 2012, Nkungumathe Youth Centre launch, Nkandla

Mphathihlelo

IMeya ehloniphikileyo, Khansela Mncadi-Mpanza

Inkosi yesigodi saseNkungumathe, inkosi uMpungose kanye nabaholi bendabuko abakhona phakathi kwethu

USihlalo we Sasol Oil, uMnumzane Maurice Radebe kanye nabasebenzi bakwa Sasol Oil

Izikhulu zikaHulumeni kaZwelonke kanye noweSifundazwe

Abamele iNkungumathe Youth Development Forum

Umphakathi waseNkungumathe

Ngiyanibingelela

Kuyintokozo enkulu kimi ukuthi ngibungaze nani mahlanje lolusuku olubaluleke kangaka emphakathini waseNkungumathe. Okungijabulisa kakhulu ukuthi lomcimbi wenzeka ngesikhathi senyanga yentsha Eningizimi Afrika. Inselelo eyayibhekene nentsha yango-1976 yagcina inqotshiwe. Ngakho-ke

kuyangijabulisa ukubona ukuthi intsha yanamuhla kulendawo isaqhubeka lapho okwagcina khona intsha yeminyaka eyedlule. Yalwa nokuntuleka kwezindawo zokufundela, izindawo zokufundela amakhono, ukusebenza ngokubambisana kanye nokwakhana. Konke lokhu kufezeke ngenxa yokuzikhulumela, nokuzilwela, nokubekezela kanye nokuzithoba kwentsha yaseNkungumathe.

Singu Hulumeni siyazi ukuthi inselelo ebhekene nentsha yamanje inkulu kakhulu, inselelo yokunqoba ubugebengu, ubuphofu nengculazi emphakathini nokulwa nobubha kanye nokuntuleka kwamathuba emisebenzi. Mangisho ukuthi zonke lezizinkinga esingizibalile uKhongolose uzidingide kabanzi enkomfeni yawo yomgwaqo siseko (ANC Policy Conference) ephothulwe izolo laphaya esiFundazweni saseGauteng.

Mphakathi ngiyathemba ukuthi niyazi ukuthi kuyisifiso sikaHulumeni ukufeza zonke izidingo zabantu, kepha ngenxa yokwehla kwezinga lomnotho, amandla kaHulumeni awanele ukufeza zonke izidingo zabantu. Kanjalo-ke isicelo esenziwa yi-Nkungumathe Youth Forum sokwakhelwa isakhiwo zokuphekela, nokufundela kanye nokuhlanganyela samukeleka ngezandla ezimhlophe uMnyango wami. Ngesikhathi sokufakwa kwalesisicelo imali yayingekho kahle, ukubonisa ukuzimisela kwethu senza ukwaku-semandleni sanikela nge uniform yesikole kanye namaphasela okudla.

Sathembisa ukuthi uMnyango wami uzozama ngakho konke ukusemandleni ukuthi ufeze lesisicelo salombutho wentsha. Ngikhuluma nje inkampani kaHulumeni i-PetroSA isinikwe imvume yokuthi umsebenzi wokwakha isikhungo somphakathi uqale kuwo lonyaka. Amalungiselelo okuthi uqale lomsebenzi aseseqophelweni eliphezulu. Uma wonke umsebenzi usuphothuliwe ngiyobuya futhi ngizobungaza nani.

Namhlanje silapha ukuzobungaza nani mphakathi wase Nkungumathe, umsebenzi omuhle owenziwe i Sasol Oil. Ubudlelwano phakathi komnyango weZamandla kanye ne-Sasol buhle kakhulu; futhi bunemithelela emihle. Maqondana nalomcimbi i-Sasol ithe uma ibona ukuthi amandla oMnyango wami awafinyeleli kahle, yathathela izinto phezula yafeza enye yezifiso zenu, yanakhela lesisakhiwo esihle kangaka. Lesakhiwo sizosiza kakhulu ekuphuculeni impilo namathuba entsha kulendawo. Njengomzali, nelunga lomphakathi kanye nelunga likaHulumeni ngabe ngiyaphaphalaza uma nginga yali intsha ukuthi

inakekele kahle lesakhiwo kanye nayo yonke impahla enikelwe u-Sasol. Ukucekela phansi izakhiwo kuqeda amandla nothando kunoma umuphi umnyango nezinkampani ezifisa ukusiza. Lokhu futhi kubuyisela intuthuko nempucuko emuva. Ngiyawukhuthaza nomphakathi ukuthi nawo uzikhathalele lezakhiwo, uzinakekele kahle.

***“Ubuntu busifundisa ukuthi into enhle iyanakelewa”***

Kwi- Sasol Oil ngithanda ukudlulisa ukubonga ngalomsebenzi omuhle kangaka, NINGA DINWA NANGOMUSO.

Njengoba besengishilo angigcini manhlanje, ngisazobuya futhi, maduzane nje, ngakhokhe angeke ngigeqe magula!!!

NGIYABONGA UKUTHI NINGIMEMILE UKUTHI NGIZOBUNGAZA NANI NGINIHALALISELE EMPHUMELELENI YENU.

**NGIYABONGA**